

It starts with a story...

## Read in your language!

**We all have at least one language that we understand and communicate best in, although some of us may have more! People use different labels for this language – like “mother tongue” or “mother language” or “home language” – but it is the language we learnt first. It’s the language we think and feel in, the one in which it is easiest for us to express ourselves and communicate with others.**

From birth, children hear language around them. First they understand it and then they start to use it themselves. In fact, by the time they are five years old, children’s brilliant young brains have helped them learn how to think and communicate in their home language. But they do still need plenty of opportunities to hear and use their language so that they know it well enough to learn increasingly difficult concepts and skills.

Being read to in your own language should not be considered a nice optional extra for children. It is really an essential and powerful part of learning language and developing literacy. When you read to children regularly in their home language/s, you give them a strong language foundation that makes all learning easier.

If you don’t understand what you are reading, then you are not really reading – no matter how well you can say the words on the page! So, because understanding is at the heart of reading, children need to listen to stories being read in their home language. They can then concentrate completely on the flow of the story instead of struggling to understand a language they don’t know well yet.

Good stories are full of creative language that stimulates our imaginations and gets us thinking about how to solve problems. Authors carefully pick words and phrases that unlock the worlds they are creating for their readers. Like a hearty soup provides goodness to nourish our bodies, reading great stories provides goodness to nourish our minds. They inspire children to read in their home language and then, later on, to learn to read stories in other languages too.

## Funda ngolimi lwakho!

**Sonke sinalo okungenani ulimi olulodwa esilufundayo nesixhumana kangcono ngalo, noma abanye bethu kungenzeka babe nezingaphezulu kwalokho! Abantu basebenzisa amagama ahlukeni ababiza ngawo lolu limi – afana nalawa “ulimi lwebele” noma “ulimi lwasekhaya” noma “ulimi lukamama” – kodwa ulimi esilufunda kuqala. Ulimi esicabanga nesizwa imizwa ngalo, lolu okulula ukuthi sizwakalise indlela esizizwa ngayo ngalo futhi nesikwazi nokuxhumana nabanye ngalo.**

Kusukela ngesikhathi sokuzalwa, izingane zizwa lolu limi kuyo yonke indawo ezizungezile. Ziqala ngokulufunda bese ziqala ukulusebenzisa nazo. Empeleni, ngesikhathi sezineminyaka emihlanu, imiqondo esemincane ekhaliphile yezingane isuke seyizisize ukuthi zifunde ukuthi zingacabanga kanjani nokuthi zingaxhumana kanjani ngolimi lwazo lwasekhaya. Nokho zisadinga amathuba amaningi okuzwa nokusebenzisa ulimi lwazo ukuze zilwazi ngokwanele ukuthi zingafunda imiqondo kanye namakhono anzima.

Ukufundelwa ngolimi lwakho akumele kube yinto eyengeziwe nje okungakhethwa phakathi kwayo nenye ngokuphathelelene nezingane. Kuyingxenywe ebalulekile nenamandla kakhulu yokufunda nokuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala. Uma uhlala ufundela izingane ngolimi/ngezilimi zazo zasekhaya, uzinikeza isisekelo solimi esiqinile esizokwenza ukuthi kube lula konke ukufunda.

Uma ungakuqondi lokho okufundayo, empeleni nje awufundi – noma ngabe ungawasho kahle kanjani amagama asekhayini! Ngakho, ngoba ukuqonda kusemangweni wokufunda, izingane kumele zilalele izindaba ezizifundelwa ngolimi lwazo lwasekhaya. Zingakwazi ukulalela ngokuphelele bese zihambisana nendaba kunokuthi zizame ukuqonda ulimi ezingakawazi.

Izindaba ezinhle zigcwele ulimi oluveza ubuciko, olukhuthazayo ukuze sizakhele izithombe zokusemqondweni, futhi zisenza sicabange ngokuthi singazisombulula kanjani izinkinga. Ababhali bakhetha ngobuciko amagama namabanzana awo avula umhlaba abawakhela abafundi babo. Ngendlela efanayo isobho eligcwele zonke izakhamzimba elihlinzeka ngayo konke okufanele, nelondla ngayo imizimba yethu, ukufunda izindaba ezinhle kusihlinzeka ngokuhle okuzokondla imiqondo yethu. Zikhuthaza izingane ukuthi zifunde ngolimi lwazo lwasekhaya bese, ekuhambeni kwesikhathi, zifunde ukufunda izindaba ngezinye izilimi futhi.



**International Mother Language Day is celebrated across the world on 21 February every year. Share a story or two with your children on this day using your home language.**

**USuku Lwezizwe Ngezizwe Lolimi Lwasekhaya lugujwa emhlabeni wonke ngomhla zingama-21 kuNhlolanja minyaka yonke. Yabelana ngendaba eyodwa noma ezimbili nezingane zakho ngalolu suku usebenzisa ulimi lwasekhaya lwezizwe zakho.**


**We will be taking a break until the week of 15 April 2018. Join us then for more Nal'ibali reading magic!**

**Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla ziye-15 kuMbasakowezi-2018. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!**



**Drive your imagination**

Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!  
Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambeni!



# Celebrate our languages!

# Bungaza izilimi zethu!

Afrikaans/IsiBhunu



Josh/uJosh

English/IsiNgesi



Priya/uPriya

English/IsiNgesi

---



---



---

Hope/uHope



IsiXhosa

Bella/uBella

IsiZulu



Neo/uNeo

Mbali/uMbali

Sesotho/IsiSuthu

Afrika/u-Afrika



Sesotho/IsiSuthu


Dintle/uDintle

Noodle/uNoodle

Dog language/Ulimi lwesinja

## Instructions

1. Look at the pictures and information to find out what home languages the Nal'ibali characters speak. Do any of them speak the same home language/s as you?
2. Draw a picture of yourself in the middle.
3. Write your name and the home language/s you speak in the box next to your picture.
4. Cut off the bottom of the page and display your poster.



## Imiyalelo

1. Bheka izithombe kanye nolwazi ukuthola ukuthi yiziphi izilimi zasekhaya ezikhulunywa ngabalingiswa bakwaNal'ibali. Ngabe bakhona yini abanye babo abakhuluma ulimi lwasekhaya olufanayo nolwakho?
2. Dweba isithombe sakho phakathi nendawo.
3. Bhala igama lakho nolimi (noma izilimi) lwasekhaya olukhulumayo ebhokisini eliseduze kwesithombe sakho.
4. Sika ukhiphe ingezansi lekhasi bese ukhangisa ngephosta yakho.



Drive your imagination

## Dear Na'ibali

We speak isiZulu at home. My youngest child is in Grade 2 and I'm happy that, although he is learning English at school, all his other lessons are in isiZulu. His older sister is in Grade 6. When she went to Grade 4, suddenly all her lessons were in English even though she still did isiZulu as a subject. It was very difficult for her, and her marks dropped a lot. I want to help prepare my son for the switch to English in two years' time so that he does not struggle as much as she did. Do you think I should help him by speaking and reading to him only in English and not in isiZulu?

*Thokozile Dlungwana, KwaMashu*

## Dear Thokozile

It is extremely difficult for children to do well at school when they have to learn in a language that they have not yet mastered properly. One of the ways you can help prepare your son for the switch to English is to continue doing what you are already doing – use his home language, isiZulu, at home! Use it for everyday conversations and reading and writing. Being able to use his home language well, will build a firm foundation for him to learn another language. You can also help him make the connections to English by sometimes reading English picture books to him and by singing and saying English songs and rhymes together. If you do this, you will be developing his home language and adding to his language skills by helping him learn a new language in a natural and fun way.

*The Na'ibali Team*

## Na'ibali othandekayo

Sikhuluma isiZulu ekhaya. Ingane yami encane kunezinye yenza iBanga lesi-2 kanti ngiyajabula ukuthi, nakuba isifunda isiNgisi esikoleni, zonke ezinye izifundo zayo zingesiZulu. Udadewabo omdala wenza iBanga lesi-6. Ngenkathi eya eBanga lesi-4, ngokungalingelele zonke izifundo zakhe zaba ngesiNgisi nakuba aqhubeka nokwenza isiZulu njengesifundo nje. Kwakunzima kuye, futhi nemiphumela yakhe yehla kakhulu. Ngifuna ukusiza indodana yami izilungiselele ukuguqumela esiNgisini esikhathini esiyiminyaka emibili ezayo ukuze ingabi nabunzima njengoba kwenzeka kudadewabo. Ucabanga ukuthi kumele ngiyisize ngokukhuluma nokuyifundela ngesiNgisi kuphela, hhayi ngesiZulu?

*nguThokozile Dlungwana, KwaMashu*

## Thokozile othandekayo

Kunzima kakhulu ezinganeni ukuthi zenze kahle esikoleni uma kufanele zifunde ngolimi ezingakalwazi kahle. Enye yezindlela ongasiza ngayo ukulungiselela indodana yakho ukuguqumela esiNgisi wukuqhubeka nokwenza lokhu ovele ukwenza – sebenzisa ulimi lwakhe lwasekhaya, isiZulu, ekhaya! Sisebenzise ezinkulumeni zansuku zonke kanye nasekufundeni nasekubhaleni. Ukwazi ukusebenzisa kahle ulimi lwakhe lwasekhaya, kuzokwakha isisekelo esiqinile kuye ukuthi afunde olunye ulimi. Ungamsiza futhi ukuthi akwazi ukubona okufanayo nesiNgisi ngokuthi ngesinye isikhathi umfundele izincwadi zezithombe zesiNgisi kanye nangokucula nokusho izingoma nemilolozelo yesiNgisi ndawonye. Uma wenza lokhu, uzobe ukhulisa ulimi lwakhe lwasekhaya futhi wengeza emakhonweni akhe olimi ngokumsiza ukuthi afunde ulimi olusha ngendlela yemvelo nejabulisayo.

*Ithimba lakwaNa'ibali*

## Dear Na'ibali ... Na'ibali othandekayo ...

WRITE TO US!  
SIBHALELE!

The Na'ibali Supplement  
The Na'ibali Trust  
Suite 17-201, Building 17  
Waverley Business Park  
Wycroft Road  
Mowbray  
7700

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

## Dear Na'ibali

My wife speaks Sepedi and English, and I speak Setswana and English. Our children learnt to speak Sepedi and Setswana before they went to school, and now they are also learning English at school. We love reading stories to them and we want to help them develop all three languages, but it is difficult to find stories to read in Sepedi and Setswana. Can you help us?

*Itumeleng Kgomo, Kagiso*

## Dear Itumeleng

You are right! It is much harder to find stories in Sepedi and Setswana that children can read for pleasure. But we can help! You can download and print stories in all South Africa's official languages from our website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Your children can also read them on a cellphone when you go to our mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). We hope you enjoy our stories.

*The Na'ibali Team*

## Na'ibali othandekayo

Umkami ukhuluma isiPedi nesiNgisi, kanti mina ngikhuluma isiTswana nesiNgisi. Izingane zethu zafunda ukukhuluma isiPedi nesiTswana ngaphambi kokungena esikoleni, manje sezifunda nesiNgisi esikoleni. Siyathanda ukuzifundela izindaba futhi sifuna ukuzisiza ukuthi zithuthukise zontathu lezi zilimi, kodwa kunzima ukuthola izindaba esingazifunda ezingesiPedi nangesiTswana. Ningasisiza na?

*ngu-Itumeleng Kgomo, eKagiso*

## Itumeleng othandekayo

Uqinisele! Kunzinyana ukuthola izindaba ngesiPedi nangesiTswana izingane ezizokwazi ukuzifundela ukuzithokozisa. Kodwa singakwazi ukukusiza! Ungakwazi ukukhipha nokuphrinta izindaba ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kusizindalwazi sethu ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)). Izingane zakho zingakwazi futhi ukuzifunda kumakhalekhukhwini uma uya kumobhisayithi yethu ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). Sethemba uzoziithokozela izindaba zethu.

*Ithimba lakwaNa'ibali*

It's International Mother Language Day on 21 February! Celebrate it by reading the stories in the Na'ibali Supplement with your children. Read them in your home language first and then read them in the other language.

WuSuku Lwezizwe Ngezizwe Lolimi  
Lwasekhaya ngomhla zingama-21 kuNhlolanja!  
Lugubhe ngokufunda izindaba kuSithasiselo  
sikaNa'ibali nezingane zakho. Zifunde ngolimi  
lwakho lwasekhaya kuqala bese uzifunda  
ngolunye ulimi.





## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Lyle the crocodile* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *How many?* (pages 9 and 10), as well as the Story Corner story, *The pouch of gold* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### Lyle the crocodile

In this story, Lyle doesn't like brushing his teeth and now he has terrible toothache. His friend takes him to the dentist, but Lyle won't let the dentist help him. Eventually Lyle gets help with cleaning his teeth, and he doesn't even have to brush his teeth! This story encourages children to look after their teeth.



- ★ As you read the story together, enjoy looking at the pictures and talking about the details in them.
- ★ Play a game that encourages critical thinking. Discuss the following questions, giving each other reasons for your choices:
  - ☉ If you were a dentist, would you rather fix the teeth of a crocodile or a hippo?
  - ☉ Would you rather clean your teeth yourself, or have someone else clean them for you? What if that person were a baby?
- ★ Ask your children to think about what they do to look after their teeth – or what they should do. Then suggest that they write some rules for Lyle to follow so that he looks after his teeth better.
- ★ Encourage your children to look at their wide-open mouths in a mirror and then to draw or paint a picture of the inside of their mouths.

### How many?

This little book focuses on numbers while telling a story. Younger children will enjoy it, but you can use it with older children too. Suggest that they read it in their mother tongue first and then in the other language of the supplement. They can also read it to each other and to younger children who they know.



- ★ As you read the book, allow time for your children to count the items and answer the question on each page.
- ★ After you have read the book together, invite your children to tell the story that is in the pictures. If they need help starting, look at page 2 and say, "One day ...". Then let them complete the story.
- ★ Suggest that your children make their own number books. Let them draw pictures or cut them out of magazines. Then they can add numbers and words to the pages of their book.

### The pouch of gold

A homeless man tells the truth about the pouch of gold coins that he found, but will the king believe him? This is a story about honesty and treating everyone with respect.



- ★ After you have read the story, talk about it with your children. Together discuss questions like these, and encourage your children to suggest reasons for their opinions:
  - ☉ Do you think the merchant would have treated the man differently if he had not been homeless? Do you think that is fair?
  - ☉ Do you think the king behaved fairly towards the homeless man and the merchant?
- ★ Imagine that the merchant wanted to put a reward notice in the local newspaper. What would it look like? What would it say? Invite your children to design the notice.
- ★ Encourage your children to create a radio news report on what happened in the story. Suggest that they include an interview with the merchant and the homeless man in their report.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi zemifanekiso ezimbili ozisika uzikhiphe-bese-uzigcina, ethi, *ULayile ingwenya* (ikhasi lesi-5, 6, 7, 8, 11 nele-12) nethi *Kungaki?* (ikhasi lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lendaba ethi, *Isikhwama esinegolide* (ikhasi le-15). Khettha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.



### ULayile ingwenya

Kule ndaba, uLayile akakuthandi ukuxubha amazinyo akhe, manje usephethwe yizinyo elibuhlungu kabi. Umngani wakhe uyamthatha umuyisa kudokotela wamazinyo, kodwa uLayile akavumi ukuthi udokotela wamazinyo amsize. Ekugcineni uLayile uthola usizo ngokuhlansiswa kwamazinyo akhe, akusadingekile nokuthi awaxubhe amazinyo akhe! Le ndaba ikhuthaza izingane ukuthi zinakekele amazinyo azo.

- ★ Ngenkathi nifunda indaba ndawonye, thokozelani ukubuka izithombe nokukhuluma ngemininingwane ekuzona.
- ★ Dlala umdlalo okhuthaza ukucabanga okuhlolisayo. Xoxisanani ngemibuzo elandelayo, ninikezane nezizathu zokukhetha kwenu:
  - ☉ Ukuba ubungudokotela wamazinyo, ubungancamela ukulungisa amazinyo engwenya noma awemvubu?
  - ☉ Ungancamela ukuhlansa amazinyo akho ngokwakho, noma uwahlanzelwe ngomunye umuntu? Uma ngabe lowo muntu ewusana-ke?
- ★ Cela izingane zakho ukuthi zicabange mayelana nezikwenzayo ukunakekela amazinyo azo – noma okumele zikwenze. Manje phakamisa ukuthi zibhale imithetho ethile uLayile okumele ayilandele ukuze anakekele amazinyo akhe kangconywana.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zibuke imilomo yazo ekhamise kakhulu esibukweni bese zidweba noma zipende isithombe sengaphakathi lemilomo yazo.

### Kungaki?

Le ncwajana igxile ezinombolweni ngesikhathi ixoxa indaba. Izingane ezincanyana zizoyithokozela, kodwa ungayisebenzisa futhi nezingane ezindadlana. Phakamisa ukuthi ziyifunde ngolimi lwazo lwebele kuqala bese emva kwalokho ngolunye olimi lwesithasiselo. Kanti zingafundelana yona le ndaba, zibuye ziyifundele izingane ezincane kunazo ezizaziyo.

- ★ Ngesikhathi ufunda incwadi, nikeza izingane zakho isikhathi sokubala izinto nokuphendula umbuzo ekhasini ngalinye.
- ★ Ngemva kokuthi nifunde incwadi nindawonye, mema izingane zakho ukuthi zixoxe indaba esezithombeni. Uma zidinga usizo ukuze ziqale, bhaka ikhasi lesi-2 bese uthi, "Ngolunye usuku ...". Emva kwalokho maziqedele indaba.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zakho zizenzele ezazo izincwadi zezinombolo. Mazidweba izithombe noma zizisike zizikhiphe kumaphephabhuku. Emva kwalokho sezingengeza izinombolo namagama emakhasini ezincwadi zazo.

### Isikhwama esinegolide

Indoda engenakhaya ikhuluma iqiniso ngesikhwama esinegolide esitholile, kepha ngabe inkosi izoyikholwa yini? Lena yindaba emayelana nokwethembeka nokuphatha wonke umuntu ngenhlonipho.

- ★ Ngemva kokuthi usuyifundile indaba, khuluma ngayo nezingane zakho. Xoxisanani ndawonye ngemibuzo efana nalena, ukhuthaze izingane zakho zibeke izizathu zemibono yazo.
  - ☉ Ucabanga ukuthi umthengisi ubezoyiphatha ngendlela ehlukile yini le ndoda ukuba ibingewona umhambuma? Ucabanga ukuthi lokho kunobulungiswa?
  - ☉ Ucabanga ukuthi inkosi iziphathe ngokungachemi yini kule ndoda engenakhaya nakumthengisi?
- ★ Ake ucabange ukuthi umthengisi wayefuna ukufaka isaziso somklomelo ephephandabeni lomphakathi. Sasizobukeka kanjani? Sasizothini? Cela izingane zakho zidizayine isaziso.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zizakhele umbiko wezindaba zomsakazo ngalokho okwenzekile endabeni. Phakamisa ukuthi zifake nenkulomongxoxo nomthengisi kanye nendoda engenakhaya embikweni wazo.


### Create TWO cut-out-and-keep books

#### How many?

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Lyle the crocodile

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

#### Kungaki?

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

#### ULayile ingwenya

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



ULayile wahunquzela wehla esitwini  
waphuma eshsha.  
“Akukho engingaphinda ngikusize ngakho,”  
kwasho uHarry.



Lyle slid out of the chair and away as fast  
as he could.  
“I can’t help you anymore,” said Harry.



We publish what we like

This is an adapted version of *Lyle the crocodile* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiXhosa, isiZulu, English and Afrikaans. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *ULayile ingwenya*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekheleni elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiXhosa, isiZulu, isiBhunu nesiNgisi. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200




Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



# Lyle the crocodile ULayile ingwenya



Dianne Stewart  
Joan Rankin  
Ndabayakhe William Zulu




“Uma ungawaxubhi amazinyo akho azobola,”  
 kwasho uDokotela Mazinyo ngokufutheka. “Kufanele  
 uwavungule ngeflosi bese uxubha umlomo.”



Lyle headed back to his favourite place at the river.  
 What was he going to do?  
 U Layile wabuyela endaweni yakhe ayithandayo  
 emfuleni. Wayezokwenzani?

Lyle NEVER brushed his teeth. He didn't floss them either.  
 One day Harry Hippo saw Lyle looking very grumpy.  
 “What's the matter with you, Lyle?” asked Harry.  
 “I have toothache,” cried Lyle.  
 “You need to see a dentist,” said Harry.  
 “But I've NEVER been to a dentist in my life,” said Lyle.



While he was basking in the setting sun, Lyle heard,  
*kerr... kerr... kerr... kerr...* Then he noticed the blue-grey legs  
 around him.  
 Ngenkathi ethambele ilanga elabe seliyoshona, uLayile  
 wezwa kuthi, *kerr... kerr... kerr... kerr...* Wabona imilenze  
 eminingi empunga imzunguzile.



“If you don’t clean your teeth, you’ll get tooth  
 decay,” said Dr Canine sternly. “You should floss and  
 use a mouthwash.”

ULayile WAYENGAWAXUBHI amazinyo akhe.  
 Wayengawavunguli futhi ngeflosi.  
 Ngelinye ilanga uHarry Hippo imvubu, wabona  
 uLayile ebukeka enyukubele.  
 “Kwenzenjani Layile?” kwabuza uHarry.  
 “Ngiphethwe lizinyo,” kwakhala uLayile.  
 “Kufanele uyobona udokotela wamazinyo,”  
 kwasho uHarry.  
 “Kodwa ANGIKAZE ngiye kudokotela  
 wamazinyo empilweni yami,” kwasho uLayile.

When Pippa had finished, she said, “I’ll have to clean  
 your teeth more often, Lyle, but you should go back to  
 Dr Canine every year for a check-up.”

Lapho uPippa eseqedile, wathi, “Kufanele  
 ngihlanze amazinyo akho njalo Layile. Kodwa kufanele  
 uye kuDokotela Mazinyo njalo ngonyaka uyohlola  
 amazinyo akho.”







ULayile wengqaba ukuthi  
 udokotela wamazinyo avale  
 umgodi osezinyweni  
 lakhe ngoba wayesaba  
 UMISINDO webhora  
 lamazinyo. Wengqaba  
 nokuthi izinyo likhishwe.

Lyle would not let the dentist fill his tooth  
 because he was afraid of the shuddering NOISY  
 drill. He even refused to have his tooth pulled out.

“Don’t worry, my friend, I’ll make an appointment for  
 you,” said Harry.  
 But Dr Molar, the dentist, said he was full and couldn’t  
 see Lyle.

“Ungakhathazeki, mngane wami. Ngizokukhulumela  
 nodokotela wamazinyo,” kwasho uHarry.  
 Kodwa uDokotela Mhlathi wathi kusagcwele angeke  
 akwazi ukubona uLayile.




ULayile waqala wavula umlomo kancane wabuye  
 wawuvula kakhudlwana. UPippa wagxumela  
 phakathi emlonyeni kaLayile.  
 Ngenkathi abangane bakaPippa becinga  
 izinambuzane, uPippa wacosha ukudla  
 nezingcezwana zezinhlanzi emazinyweni kaLayile.  
 Waze wakhapha ngisho usinga lokudoba!



How many eggs sizzle  
in the pan?  
Mangaki amaganda  
ahlohoza epanini?

How many children are  
playing together?  
Zingaki izingane  
ezidlala ndawonye?



How many?  
Kungaki?



Carole Bloch  
Reviva Schermbrucker  
Danisile Ntuli



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust and the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go to [www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).

Ikhiqizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwa-The Little Hands Trust kanye nabakwa-Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). Ukuthola kabanzi ngabakwa-PRAESA, iya ku-[www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





How many fat hens peck  
in the yard?  
Zingaki izinkukhu ezinonile  
ezingqofoza egcekeni?



How many yellow suns  
shine in the sky?

Mangaki amalanga ayiphuzi  
akhanya esibhakabhakeni?



How many tummies are  
full now?



1. One yellow sun  
Ilanga elilodwa  
eliyiphuzi



2. Two fat hens  
Izikhukhukazi  
ezimbili ezinonile



3. Three playing  
children  
Izingane ezintathu  
ezidlalayo



4. Four sizzling eggs  
Amaqanda amane  
ahlohlozayo



5. Five full tummies  
Izisu ezinhlanu  
ezigcwele

Zingaki izisu ezigcwele  
esezikhona manje?



“What’s up with you, Lyle?” said Pippa, the plover.  
 “You seem so down in the dumps.”  
 Lyle did not answer. He kept his mouth firmly SHUT.  
 “Kwenzenjani ngawe Lyle?” kwabuza uPippa  
 itihoye inyoni. “Ubukeka udangele kakhulu.”  
 ULayile wazithulela nje. WawuVALISISA  
 umlomo wakhe.

Lyle opened his mouth a little at first, then a little wider. Pippa jumped right into it.  
 While Pippa’s friends searched for insects nearby, she picked food and pieces of fish out of Lyle’s teeth. She even removed some fishing line!




ULayile AKAKUTTHANDANGA ukuboshelwa  
 esihlalweni kwadokotela wamazinyo. Ngenkathi  
 uDokotela Mazinyo emcela ukuthi akhamise  
 kakhulu, wamthembisa UKUMLUMA.  
 But Lyle did NOT like to be strapped to the  
 dentist’s chair. When Dr Canine asked him to open  
 his mouth wider, Lyle threatened to BITE him.

“I’ll try another dentist,” said Harry, showing concern for his friend who was groaning in pain.  
 But Dr Incisor said his consulting chair was not long enough for Lyle to sit in. He was also afraid that the lights might be too bright for Lyle.

“Ngizozama omunye udokotela wamazinyo,” kwasho uHarry, ekhathazekile ngomngane wakhe owayequma yizinhlungu.  
 Kodwa uDokotela Mazinyo wathi isihlalo sakhe sokuhlolela iziguli sifishane. ULayile ngeke enele kuso. Futhi uyesaba ukuthi amalambu kagesi azomxhophha uLayile.



Pippa and her friend sang a little song, trying to comfort Lyle.  
 "How can you make a crocodile smile?  
 Take him to swim in the Nile!"  
 But Lyle kept his mouth firmly SHUT!  
 "Open your mouth, Lyle, or I won't be able to help you," said Pippa.  
 UPippa nabangane bakhe bacula iculo labo bezama ukududuza ul ayile.  
 "Ungayenza kanyani nkeba ingwenya ibheke? Ibathe gyobhukanda emfuleni iNayile!"  
 Kodwa ul ayile wawu VALISISA umlomo wakhe.  
 "Vula umlomo wakho Layile ukuze ngikwazi ukukusiza," kwasho uPippa itlhooye.



When Harry phoned Dr Canine for an appointment, he agreed to see Lyle.  
 "Bring him after hours," he said. "When my other patients have gone home!"  
 Ngenkathi uHarry efonela uDokotela Mazinyo wavuma ukubona ul ayile ngesikhathi esthile.  
 "Mlethe lapha uma sezihambe zonke iziguli zam!" kusho uDokotela Mazinyo.



When Harry phoned Dr Canine for an appointment, he agreed to see Lyle.  
 "Bring him after hours," he said. "When my other patients have gone home!"

Lyle's tooth ached more and more and he became grumpier and grumpier.

Izinyo likaLayile laqhubeka liba buhlungu naye waqhubeka enyukubala.




His friends stayed away from him and they complained about his STINKY breath.

Abangane bakhe bamshiya yedwa bekhononda ngomoya wakhe ONUKAYO.



## A tribute to a dear friend

On 31 December 2017, Nal'ibali lost a dear friend when our African languages project manager, Nkululeko Ndiki, passed away suddenly.



Nkululeko Ndiki

Nkululeko was part of the backbone of the Nal'ibali Supplement. Since 2012, he made sure that four African languages sat proudly next to English in over one hundred editions. He worked very hard and with astounding skill to ensure that what we published was always of the highest possible quality.

We have lost one of the most talented isiXhosa editors in the country, and a South African committed to ensuring that all our languages assume their rightful place. But more than that we have lost a gentle, caring and generous human being who helped nurture Nal'ibali into being.

Nkululeko truly understood the power that the written word has to shape lives. His legacy lives on in the ways in which his words have inspired us and our Nal'ibali Supplement readers, and through his contribution to indigenous South African languages.

Hamba kahle, Nkululeko! We will always be grateful to you.

## Amazwi okuhlonipha umngani othandekayo

Mhla zingama-31 kuZibandlela ngowezi-2017, uNal'ibali walahlekelwa umngani othandekayo lapho owayeyimeneja yeprojekthi yezilimi zesiNtu, uNkululeko Ndiki, eshona ngokukhulu ukuzuma.

UNkululeko ubeyingxenywe yesisekelo seSithasiselo sikaNal'ibali. Ukusuka ngonyaka wezi-2012, ubenza isiqiniseko sokuthi izilimi ezine zesiNtu zihlala ngokuziqhenya eduze kwesiNgisi ezintshicilelweni ezingaphezu kwekhulu. Usebenze kanzima nangekhono elimangalisayo ukuqinisekisa ukuthi esikushicilelayo kusezingeni eliphezulu ngempela.

*Mokgapa o mogolo o wele dithaga tša lla bošogošogo.*  
The mighty has fallen and all those who relied on him felt the impact.  
Luwile udongakazi, kwathi abebencike kulo basala dengwane.  
Matlakala Linkie Kganyago - Sepedi editor  
nguMatlakala Linkie Kganyago - Umhleli weSepedi

*How very quietly and silently he tiptoed into our world, Only a moment he stayed, But what an imprint his footprints have left upon our hearts, Go well, my brother.*  
Pulane Mahlasela - Sesotho editor  
Ubenyonyoba ngokuthula efika kowethu umhlaba, Wahlal' umzuzwana nje bandla, Kodwa washiya imilobo yezinyawo egqamile ezinhliziyweni zethu, Hamba kahle-ke, mfowethu.  
nguPulane Mahlasela - Umhleli weSisuthu

Silahlekelwe ngomunye wabahlali besiXhosa abasezingeni eliphezulu ezweni lakithi, kanye nesakhamuzi saseNingizimu Afrika ebesizinikele ekuqinisekiseni ukuthi zonke izilimi zethu zithatha indawo yazo efanele. Kodwa-ke ngaphezu kwalokho silahlekelwe ngumuntu omnene, onakekelayo kanye nonobubele, owasiza ukwenza uNal'ibali abe khona.

UNkululeko ubewaqondisa ngempela amandla anawo amagama abhaliwe ekubumbeni impilo yabantu. Ifa alishiyile liyohlale liphila njalo ngenxa yezindlela amagama akhe abesikhuthaza ngazo thina kanjalo nabafundi beSithasiselo sikaNal'ibali, kanye nangetshe aliphonsile esivivaneni sezilimi zendabuko zaseNingizimu Afrika.

Hamba kahle, Nkululeko! Siyohlale sikubonga njalo.

### NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!



**Ikwewezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.

### USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

**Ku-Ikwewezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

**Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

**Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni


**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni

# The pouch of gold

By Phumlani Mavimbela ✨ Illustrations by Natalie and Tamsin Hinrichsen

One morning a homeless man woke up. He had spent the previous night begging for food, but no one had shown him any kindness. His stomach was growling because he was very hungry. Desperate to find food, he walked through the village market begging merchants for their leftovers.

"Please ... please ... It's been two days since I have eaten. Please give your leftovers to a poor homeless man," he pleaded.



But most people pretended he was invisible. Those who saw him, threw rotten fruit at him and called him names like "street rat" and "slum dog".

After many tries and many insults, the man decided to go scratching through a nearby rubbish dump, hoping he might find food there. While he was searching through piles of old rubbish, he suddenly saw a small leather pouch that was tied at the top with string. He picked it up and opened it. It was full of gold coins! With a heart filled with joy, he counted his treasure.

"One, two, three ... a hundred gold coins!" he said when he had finished counting. "This will feed me for the rest of my life."

As the man ran back into the market place looking forward to having a full stomach, he heard a merchant shouting, "Listen everyone! I have lost my pouch of gold coins and I will reward anyone who brings it to me!"

The homeless man had a kind heart and he felt bad for the merchant. He decided to do the right thing.

"Is this the pouch you have lost?" he asked, holding up the pouch he had found.

"Oh my, you've found it!" said the merchant taking the pouch and counting the gold coins inside.

The homeless man waited a while then he asked softly, "Sir, you said something about a reward?"

"Reward?" scoffed the merchant. "Why should I give you a reward? You have already stolen some of the coins!"

"I have not taken anything from the pouch. Please, can I have the reward you promised?" asked the homeless man.

"The pouch I lost had two hundred gold coins in it. Now it only has a hundred coins. You have already stolen more than your reward," said the merchant angrily.

"Please, sir, I have not stolen anything," explained the homeless man. "All the coins are in the pouch, exactly as I found them."

"Go away, before I call the king's guards to arrest you," shouted the merchant.

"I may not seem like much to you, but I am an honest man," said the homeless man. "Call the guards and I will prove myself before the king."

So, the merchant called the guards. Then the merchant followed them and the homeless man to the king.

"What can I do to help the two of you?" asked the king when the merchant and the homeless man were standing in front of him.

The merchant was the first to speak. He told the king his side of the story. He explained how many gold coins had been in his lost pouch and how the homeless man had stolen half of them.


The king listened to the merchant, then he turned to the homeless man and asked, "What do you have to say for yourself?"

"My king, I found the pouch on the rubbish dump and it had only a hundred gold coins in it," said the homeless man bowing his head as he spoke. "That is the truth."

The king thought for a while and then he said, "Merchant, am I correct? You say that your pouch had two hundred gold coins in it."

"Yes, my king," said the merchant.


"I see," said the king stroking his long beard. "Well, I believe both of you and I can solve this easily! Merchant, you said that the pouch you lost had two hundred gold coins in it. That is a lot of gold to carry around in a small pouch. But, the pouch this homeless man found only had a hundred gold coins inside. That means that this is not the pouch that you lost. I order you to give it to the homeless man immediately."



And so, the merchant had no choice but to give the pouch to the homeless man. The homeless man's honesty had paid off and he lived a long and happy life, with plenty to eat every day.

Ekuseni ngolunye usuku indoda engenakhaya yavuka. Yayichithe ubusuku bangayizolo icela ukudla, kodwa akukho noyedwa owayeyikhombise umusa. Isisu sayo sasiduma ngoba yayilambe kakhulu. Inexhala lokuthola ukudla, yahamba yangena emakethe yomuzi ihamba icela kwabathengisayo izinsalela zokudla.

“Ngiyacela ... bandla ... Sekuyizinsuku ezimbili ngiccinile ukudla. Ngicela unikeze izinsalela zokudla kule ndoda echakile nengenakhaya,” isho incenga.



Kodwa iningi labantu lalithatha sengathi akabonakali lo mfokazi. Labo ababembona, bamphonsela izithelo ezibolile futhi babembiza ngamagama afana nokuthi “igundane lomgwaqo” nokuthi “yinja yasezichakeni”.

Ngemuva kokuzama kaningi ithukwa kaningi, indoda yanquma ukuthi ihambe iyohlwaya endundumeni kadoti, ngethemba lokuthi ingakuthola ukudla lapho. Ngesikhathi ihlwaya ezindundumeni zodoti omdala, ingalindele nje yahlangana nesikhwama esincane sesikhumba esasiboshwe ngentambo sathiwa ngqi phezulu. Yasicosha maqede yasivula. Sasigcwele izinhlamvu zemali yegolide! Ngenhliziyo egcwele injabulo, yabala imali yayo.

“Lunye, zimbili, zintathu ... ikhulu lezinhlamvu zemali yegolide!” yasho ngenkathi isiqedile ukubala. “Le izongodla impilo yami yonke.”

Ngenkathi indoda igijima ibuyela emakethe isilindele ukusutha, yezwa umthengisi ememeza ethi, “Lalelani nonke! Ngilahlekelwe yisikhwama sami ebesinezinhlamvu zemali yegolide kanti ngiyoklomelisa noma ngubani ongangibuyisela sona!”

Indoda engenakhaya yayinenhliziyo enhle futhi yayimzwela ubuhlungu umthengisi. Yanquma ukwenza into efanele.

“Ngabe yiso lesi isikhwama esikulahlekele?” ibuza, iphakamisela phezulu isikhwama esicoshile.

“O nkosi yami, usitholile!” kwasho umthengisi ethatha isikhwama maqede ebalazininhlamvu zemali eyigolide.

Indoda engenakhaya yalinda isikhathi emva kwalokho yabuza ngeliphansi, “Mnumzane, ubusho okuthile ngomklomelo?”

“Umklomelo?” kubhuqa umthengisi. “Kungani kumele ngikunikeze umklomelo? Usuvele uyintshontshile enye yale mali!”

“Angikaze ngithathe lutho esikhwameni. Ngiyacela, unganginika phela umklomelo obuwothembisile?” kucela indoda engenakhaya.

“Isikhwama esingilahlekele besinezinhlamvu zemali ezingamakhulu amabili phakathi. Manje sesinezinhlamvu eziyikhulu kuphela. Usuvele untshontshile ngaphezu komklomelo wakho,” kwasho umthengisi ngentukuthelo.

“Ngiyakucela, mnumzane, angintshontshanga lutho,” kuchaza indoda engenakhaya. “Zonke izinhlamvu zemali zisesikhwameni, zinjengoba bengizitholile.”

“Suka ngaphambi kokuthi ngibize abaqaphi benkosi ukuthi bazokubopha,” kumemeza umthengisi.

“Kungenzeka ngibukeke ngingelutho kuwena, kodwa ngiyindoda ethembekile,” kusho indoda engenakhaya. “Biza abaqaphi ngizogeza igama lami phambi kwenkosi.”

Ngakho, umthengisi wabiza abaqaphi. Umthengisi wabalandela bekanye nendoda engenakhaya baqonda enkosini.

“Yini engingayeza ukunisiza nina nobabili?” kwabuza inkosi ngenkathi umthengisi nendoda engenakhaya bemile phambi kwayo.

Umthengisi waba ngowokuqala ukuthi akhulume. Watshela inkosi uhlangothi lwakhe lwendaba. Wachaza ukuthi kwakukade kunezinhlamvu ezingaki zemali yegolide esikhwameni sakhe esasikade silahlekile nokuthi indoda engenakhaya yayiyintshontshe kanjani ingxenye yaleyo mali.

Inkosi yalalela umthengisi, emva kwalokho yaphenduka yabheka indoda engenakhaya yayibuza yathi, “Yini ofuna ukuyisho ukuziphendulela?”

“Nkosi yami, ngithole isikhwama endaweni yokulahla izibi kanti besinezinhlamvu zemali yegolide eziyikhulu kuphela,” kusho indoda engenakhaya igobisa ikhanda ngenkathi ikhuluma. “Yilona lelo iqiniso.”

Inkosi yacabanga isikhashana yase ithi, “Mthengisi, ngabe ngikhuluma iqiniso? Uthe isikhwama sakho besinezinhlamvu zemali yegolide ezingamakhulu amabili phakathi.”

“Yebo, nkosi yami,” kwasho umthengisi.

“Ngiyabona,” kwasho inkosi iphulula ubhebhenene lwentshebe yayo. “Kulungile, ngiyankholwa nobabili, futhi ngingayixazulula kalula le nto! Mthengisi, uthe isikhwama esikulahlekele besinezinhlamvu zemali yegolide ezingamakhulu amabili. Lelo yigolide eliningi kakhulu ukuthi unghamba nalo esikhwameni esincane. Kepha, isikhwama esitholwe yile ndoda engenakhaya besinezinhlavu zemali yegolide eziyikhulu kuphela ngaphakathi. Lokhu kuchaza ukuthi akusona isikhwama esikulahlekele. Ngikuyalela ukuthi unikeze le ndoda engenakhaya isikhwama njengamanje.”




Ngakho, umthengisi kwakungekho ayengabe esakwenza ngaphandle kokunikeza indoda engenakhaya isikhwama. Ukuthembeka kwendoda engenakhaya kwakuthele izithelo futhi emva kwalokho yaphila isikhathi eside ijabulile, isinokuningi ezokudla nsuku zonke.

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1.

- ☉ Priya promised her younger brother, Rahul, that she would read to him. Can you help him get to her?
- ☉ UPriya wathembisa umfowabo omncane, uRahul, ukuthi uzomfundela. Ungakwazi ukumsiza ukuthi afike kuye?



2.

☉ How many of these can you see in the picture below?

- ducks \_\_\_\_\_
- fish \_\_\_\_\_
- boats \_\_\_\_\_
- books \_\_\_\_\_
- birds \_\_\_\_\_
- trees \_\_\_\_\_
- picnic baskets \_\_\_\_\_
- people enjoying stories \_\_\_\_\_
- people wearing hats \_\_\_\_\_
- people sitting down \_\_\_\_\_

☉ Kungaki okwalokhu okwazi ukukubona esithombeni esingezansi?

- amadada \_\_\_\_\_
- izinhlanzi \_\_\_\_\_
- izikebhe \_\_\_\_\_
- izincwadi \_\_\_\_\_
- izinyoni \_\_\_\_\_
- izihlahla \_\_\_\_\_
- obhasikidi bephikinikhi \_\_\_\_\_
- abantu abathokozela izindaba \_\_\_\_\_
- abantu abathwele izigqoko \_\_\_\_\_
- abantu abahleli phansi \_\_\_\_\_



3.

- ☉ Tell your own story which is based on the picture in (2). Start like this: "One day, Neo and ..."
- ☉ Xoxa eyakho indaba esuselwe esithombeni esiku-(2). Qala kanjena: "Ngolunye usuku, uNeo kanye ..."

Answers/izimpendulo: (2) 6, 3, 1, 3, 4, 3, 1, 5, 2, 4

Don't forget that we will be taking a break until the week of 15 April 2018. Enjoy the holidays, and join us after the holiday for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
 Sivakashela ku-Facebook  
 ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Ungakhohlwa ukuthi sizobe sihlabe ikhefu kuze kufike isonto langomhla ziye-15 kuMbasa kowezi-2018. Thokozela amaholide, bese uhlanganyela nathi ngemuva kwamaholide ukuthola imilingo yokufunda engeziwe kaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuthola izindaba kanye nokuthola ugqozi lokufundela ukuzithokozisa.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.